



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA

NONYAKA-2012

IBANGA 3

ISIZULU ULIMI LWEBELE

IQOQO 3

ISIBONELO SESIVIVINYO SOKUHLOLA

UMHLAHLANDLELA WOKUSETSHENZISWA KWEZIBONELO ZEZIVIVINYO ZOKUHLOLWA KUKA-ANA

1. Indlela Yokubuka Izibonelo zezivivinyo zokuhlola.

Ukuhlola kukaZwelonke konyaka nonyaka u-(ANA) singakubuka njengezivivinyo eziqoqayo ezibheka ulwazi kanye namakhono okulindeleke ukuba athuthukiswe kubafundi emabangeni, oku-1 kuya kwawesi-6 kanye nawesi-9. Lezi zibonelo zezivivinyo zelekelela ukuhlolwa okwenziwa ezikoleni, futhi kuqinisekisa ukuthi abafundi bazuze ngokwenele, ukuze bazethembe futhi bazimbandakanye ngempumelelo ekuhlolweni okwenziwa ngaphandle. Lezi zibonelo zezivivinyo zokuhlola zenziwa idlanzana lothisha kumbe ongoti abaluleka ngezifundo (*subject specialist*). Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zihlola uLimi kanye neMathemathiksi. Imibuzo yezibonelo zezivivinyo zokuhlola ithuthukiswe yasuselwa kwikharikhulamu ngokwamathemu oku-1, esi-2 nawesi-3. Kwaphindwa kwangezelelwa ngephepha lokulungiselela ukuhlola elithi alifane nalelo lika-ANA. Lezi zibonelo zezivivinyo zokuhlola kanye nephepha elilungiselela ukuhlola elithi alifane nelika-ANA ahlose ukwelekelela ukuhlola okwenziwa ezikoleni ikakhulukazi ukuhlola okuqhubekayo. Ayangezelela futhi ayisibonelo sokumiswa kwemibuzo, awaqondile ukuthatha isikhundla sokuhlola kwasezikoleni.

2. Ukuma kwemibuzo eyezibonelo zezivivinyo zokuhlolwa.

Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zenzelwe ukuveza izindlela namasu ayizinhlobonhlobo okuhlola amakhono nolwazi. Ukuhlola ulwazi ngqo lwesifundo noma amakhono kuzokwenziwa ngokusetshenziswa kwemibuzo lapho umfundi ekhetha khona impendulo efanele kwezinye ezicishe zifane, umfundi alindeleke ukuba abhale umusho, isigatshana, umfundi ahlanganise amagama, isitatimende, aqedele umusho, iphethini, nokutshengise izimpendulo zakhe ngemidwebo. Ngakho-ke othisha bazothola inqwaba yemibuzo eyezibonelo eyakhiwe ngezindlela ezahlukene ezosiza ukuthi abafundi bakwazi ukuphendula ngokuqonda nangeqholo uma sebephendula izivivinyo.

3. Ukuxhumanisa indlela yokufunda nokufundisa nokusetshenziswa kwezinsizakufundisa.

Ekuxhumaniseni imibuzo yesivivinyo, uzothola ukuthi kwenziwa ngamabomu ukuthi eminye imibuzo ihambisane namabhuku okusebenzela (*workbooks*) amiselwe ibanga lelo elihlolwayo. Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zakhiwe, zahlelwa, zaxhumana nezidingo zesiTatimende seKharikhulamu sikaZwelonke yamaBanga kusuka ku-R kuya Kwele-12. (NCS) kanye nokuhlelwa kwe-*Curriculum and Assessment Policy Statements (CAPS)* yamabanga afanele kanye ne-*National Protocol for Assessment*. Le miqulu kanye neminye ekhishwa isikole, yakha izinsizakufundisa ezinothile, ukusiza othisha ekuhleleni izifundo kanye nokuhlola okubekelwe imigomo (*Formal Assessment*).

4. Ukusetshenziswa kwezibonelo zezivivinyo zokuhlola.

Njengoba izibonelo zezivivinyo zokuhlola zebanga nesifundo zihlelwe zahlanganiswa, uthisha akumele azinike abafundi baziphendule ngesikhathi esisodwa. Uthisha kumele akhethwe imibuzo ehambisana nesifundo asihlelile ngaleso sikhathi. Isibonelo sesivivinyo sokuhlola kumele sikhethwe kahle sisetshenziswe ukubuza umbuzo noma imibuzo ehambisana nezinyathelo zenqubo kathisha yokufunda nokufundisa ngale ndlela :

- a. Ekuqaleni kwesifundo makuhlolwe ukuthi yikuphi lapho abafundi bemandla khona nalapho bebefushane khona. Imiphumela yaloku kuhlola okungenhla kumele inike isithombe esikhombisa ukuthuthuka kwabafundi kulokho abakunikiwe ukuze kubonakale lapho bebefushane khona nalapho bemandla khona. Isibonelo sesivivinyo sokuhlola sibheka ukuthi kungakanani abakwaziyo, masenziwe njengomsebenzi wasekhaya ukuze kongiwe isikhathi sokufundisa ekilasini.

- b. Phakathi nesifundo kungasetshenziswa ukuhlola okwakhayo ukuze kubhekwe ukuthi abafundi bayaphumelela yini ukuthola ulwazi namakhono afundiswayo, ukuze kungabibikho umfundi ozosilela ngemuva.
- c. Ekupheleni kwesifundo kumbe kwezifundo ezimbalwa, abafundi banganikwa ukuhlola okuqoqayo ukuze kubhekwe ukuthi bazuze ngokwanele yini ulwazi namakhono abehlosiwe futhi bakwazi ukusebenzisa ulwazi namakhono abehlosiwe. Ukubikela abafundi ngobekuhlolwa kufanele kusheshe kwenziwe, ukuze uthisha abe nesikhathi esanele sokuphinda umsebenzi abewufundisile ukuze kusalwe izikhala azibonile uma kunesidingo.
- d. Kuzo zonke izinyathelo zesifundo, abafundi kumele bahlolwe, kusetshenziswe amasu ahlukene okubuza umbuzo. Isbn. ukwazi ukuphendula imibuzo yalezi zinhlobo; ukukhetha impendulo eshaya emhloweni kwezinye (*Multiple Choice Questions*), imibuzo evulekile (*Open Ended Questions*) noma imibuzo edinga baphendule bebeka imibono yabo (*Free Responce*) nemibuzo emifushane njll.

Yize kuhlolwa ukuthi kungakanani abakwaziyo kanye nokuhlola okwakhayo kungaba kufushane ngokwemibuzo efakiwe, kepha ukuhlola okuqoqayo kuyokuba nemibuzo ethe xaxa ngoba kuyisivivinyo esiphelele esithi asifane nesika-ANA. Into esemqoka, ukuqikelela ukuthi abafundi bathola ithuba elanele lokuzilongela ekuphenduleni imibuzo ethi mayifane neka- ANA.

5. Amamemorandamu noma umhlahlandlela wokuphendulwa kwemibuzo.

Thisha uyanikwa impendulo elindelekile yombuzo ngamunye wesibonelo sesivivinyo kanye nephepha elilungiselelwa ukuhlola. Othisha kumele bakhumbule ukuthi imemorandamu ivulekile. Amamemorandamu akunika imigomo ebanzi yokubheka izimpendulo ezilindelekile. Ngakho-ke othisha kumele banike imiklomelo yezimpendulo ezingafani kepha ezihambisana nokubuziwe.

6. Umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu.

Kusemqoka kakhulu ukuba umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu kwebanga nebanga kwenziwe ngokuphelele. Izibonelo zezivivinyo zokuhlola zebanga nezifundo zikwazi ukuqoqa wonke umsebenzi obekwe kwikharikhulamu. Izibonelo zezivivinyo ziyizibonelo nje zolwazi olubalulekile namakhono omsebenzi okumele wenziwe kwithemu yoku-1, yesi-2 neyesi-3 yalowo nyaka. Ukuklanywa komsebenzi ngokwesikhathi samathemu kuhambisana nalokhu okubekwe kwacaca kumqulu we-CAPS.

7. Isiphetho.

Inhlosongqangi yoMnyango wezeMfundo ukuba kuthuthukiswe amazinga aphakeme nayikhwaliithi ukuze abafundi bathole amakhono asemqoka ekwazini iLitheresi neNyumaresi. U –ANA singathi esinye isikhali umnyango osisebenzisayo ukuhlola ukuthi kungabe izinga labafundi liyathuthuka, limi ndawonye noma liyehla yini. Izifunda zezikole zilindeleke ukuba zekelelele othisha ekufundiseni nokubanika izinsizakufundisa ukuze inqubo yokufunda nokufundisa yenzeke kahle ngangempumelelo. Ukusebenzisa izibonelo zezivivinyo zokuhlola zika- ANA njengengxenye yezinsiza kufundisa kuzosiza othisha ukuthi bajwayele ukusebenzisa amasu okuhlola ahlukene. Uma izibonelo zezivivinyo zokuhlola zisetshenziswe ngendlela efanele ziyosiza abafundi ukuba bazuze ulwazi olufanele, bathuthukise namakhono afanele.

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo.

Emandulo izindlovu zazingenamiboko. Ngelinye ilanga yabuza indlovu encane eyayithanda ukwazi yonke into, yathi: Kungani intshe inemilenze emide kangaka? Indlulamithi inesikhumba esinamamabala? Imvubu ibenomlomo omkhulu kangaka?

Kwathi ngelinye ilanga yona le ndlovu encane yabuza ukuthi: “Ngabe ingwenya idlani emini? Ezinye izilwane zayikhuza zathi ingaphinde iwubuze ukuthi idlani. Indlovu encane ayiqondanga uma kuthiwa ingawubuzi umbuzo.

Yahamba indlovu encane yaya enyonini yathi: “Umndeni wami nezinye izilwane bathi ngingayibuzi ingwenya lowo mbuzo. Kodwa mina ngiyafuna ukuyibuzza, ngifuna ukwazi.”

“Kade ngicingana nengwenya angazi ngingayithola kuphi?” Kusho indlovu encane. “Yana emfuleni uzoyithola khona.” Kusho inyoni.

“Kade ngikufuna”. Kusho indlovu encane. “Ake usho udlani wena emini?”

Ingwenya yenza sengathi iyahleka yabe isithi: “Sondela lapha ngikuhlebele.” Indlovu encane yagoba, yasondela. Yabe isithi ingwenya: “Namuhla ngicabanga ukuqala ngendlovu encane!”

Ngokuphazama kweso ingwenya yabamba indlovu encane ngekhala yalidonsa, lanwebeka. Yakhala kakhulu indlovu encane ithi: “Eshu kubuhlungu!” Ayanaka ingwenya yalidonsa ikhala lendlovu encane laze lalide. Ithe isiyidedela indlovu encane yabe isinekhala elide elilengayo, elibuhlungu futhi elilimele.

Izindlovu zawuthola kanjalo umboko.

1.1 Phendula umbuzo olandelayo.

I khuluma ngani le ndaba?

1.2 Obani abalingiswa abasemqoka kule ndaba?

Le ndaba imayelana nobeno

.....

1.3 **Phendula umbuzo olandelayo.**

I sifundisani le ndaba?

1.4 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Le ndaba isitshela ukuba ...

- A senze esikutshelwa abangane bethu.
- B senze esifuna ukukwenza.
- C silalele esikutshelwa imindeni yethu.
- D senze noma yini esiyithandayo.

1.5 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Le ndaba imayelana nezilwane ezimbili. Zingobani?

- A Indlovu nenyoni.
- B Indlovu nengwenya.
- C Indlovu encane nengwenya.
- D Indlovu encane nezinye izilwane.



2. **Buka lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo ehambisana naso.**

Usuku Lokuvakashela eZu

Kuphi?: eZu

Nini?: uMgqibelo 14 Seph'themba 2012

I sikhathi: 9:00 kuya ku- 16:00

Inkokhelo: Mahhala

Woza uzozitika ngobumnandi.

Uzobuka izilwane.

Uzopha izinkawu ukudla.

Ugibele amaponi.

Udlale nonogwaj a.

Ama-Hot dogs, ama-pizzas, ama-hamburgers neziphuzo.

KUSENDALI NI

UKUSIZA IKHAYA LEZINGANE



2.1 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Sithi yini igama lesilwane esinesikhumba esinemidwa emnyama nemhlophe esithi asifane nehhashi?

- A I poni.
- B Ingwe.
- C Idube.
- D Imbongolo.

2.2 **Qedela umusho ngokugcwalisa ngegama elifanele.**

Usuku oluvulekile lokuvakashela eZu u.....

(Msombuluko Lwesithathu Lwesine Mgqibelo).

2.3 **Kokelezela isikhathi esifanele.**

Kuyovalwa nini ngalolu suku eZu? Ngo ...

(16:00 6:00 4:00 9:00).

2.4 **Dwebela impendulo okuyiyona efanele.**

(ukudla izilwane imali iziphuzo) kuzoqoqelwa ukusiza ekhaya lezingane.

2.5 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.**

... zihlala emigedeni eZu.

A izilwane ezingabangane nabantu

B abantu

C oshaka

D izilwane zasendle

3. **Funda lo mlolozelo bese uphendula imibuzo elandelayo.**

EZu sibone amabhele anoboya obunsundu.

EZu sibone ibhubesi emgedeni,

belibhonga linolaka.


Sibone indlulamithi enkulu enentamo

ende.

I zinkawu zisihlekise kabi, kodwa

isilwane engsithande kakhulu indlovu,

wena uthandeni?



3.1 **Kolezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

I sphi isilwane esinoboya obunsundu kulo mlolozelo?

- A Indlulamithi
- B Indlovu
- C Ibhele
- D Ibhubesi

3.2 **Qedela lo musho.**

Indlulamithi inentamo e.....

3.3 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo eFanele.**

Izilwane ziyakhuluma kodwa amabhubesi aya ...

- A memeza.
- B khonkotha.
- C bhonga.
- D nswininiza.

3.4 **Dwebela impendulo eFanele kulezi ezingezansi.**

I sphi isilwane esisihlekisile eZu?

(ibhele inkawu indlovu indlulamithi).

3.5 **Phendula umbuzo ngawakho amagama.**

Ubani inkosi yezilwane zehlathi?

4. **Funda nansi indaba ehlekisayo bese uphendula imibuzo elandelayo.**

Unogwaj a nehubesi baya erestorenti. Uweta wabahlalisa phansi. "Uzodlani" ebuza unogwaj a.

"Ngicela ungiphe uhhafu kalethusi," kuphendula unogwaj a.

uweta wabuka ibhubesi "uzodlani?"

"Ibhubesi? Alizukudla," kuphendula unogwaj a.

"Akalambile yini?" Kubuza uweta.

"Ucabanga ukuthi ngabe ngisaphila ukube ubelambile." Kuphendula unogwaj a.



4.1 **Khetha ngokukokelezela igama elifanele ukuhlanganisa imisho emibili.**

Unogwaj a waya erestorenti. Esecela ipuleti likaletlisi.

(kanti kodwa wabe nakuba)

4.2 **Dwebela isihlanganiso esifanele ukuhlanganisa.**

Ngibone inkawu yenza amaqhinga

(kanti kodwa bese kanye)nehubesi lilele.

4.3 **Sebenzisa isihlanganiso esifanele ukuhlanganisa imisho emibili.**

Uweta wabahlalisa phansi. Wababuza ukuthi bazothanda ukudlani.

4.4 **Kokelezela izihlanganiso (amagama ahlanganisayo) kulo musho.**

Izinkawu zizwanga emakhejini azo kodwa ibhubesi ekhoni futhi liyabhonga.

4.5 **Hlanganisa imisho emibili ngesihlanganiso "kodwa."**

Unogwaj a udla ukherothi. Ibhubesi lidla inyama.

5.1 **Khetha igama elifanele ulibhale esikhaleni esishiyiwe.**

Ngilimele e..... (dolweni endolweni).

5.2 **Kokelezela uhlamvu olne mpendulo efanele.**

Umntwana wemvu kuthiwa ...

- A iwandla.
- B iwundlu.
- C iwundla.
- D ihundlu.

5.3 **Dwebela amagama afanele.**



uyabhala uyabhola



uyasonga uyasenga

5.4 **Buka izithombe bese uqedela amagama.**



i-a--i



i-a-a

5.5 **Dwebela igama elingahambisani namanye.**

Umntwana wenkomo kuthiwa ...

(inkonyana inkomana inkunzana inkunzi).

6.1 **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo e fanele.**

I nyoni ... esibhakabhakeni.

- A idiza
- B indiya
- C indiya
- D indiza

6.2 **Qedela imisho ngokufaka igama elifanele kulana acishe abhalwe ngokufana kepha anencazelo engafani.**

I zinkomo zigcwele ...

... likagogo ledukile

- A indlela
- B amadlelo
- C idlelo
- D idela

6.3 **Dwebela impendulo e fanele.**

Yimaphi amagama angasetshenziswa kule misho emibili?

I zingane zithanda ukudlala ...

Umbhalo lapho abalingiswa benyakaza khona kuthi wa ...

umdalo, umdlalo mdalo umlalo

6.4 **Sebenzisa igama "inyanga" ukuveza imiqondo emibili.**

6.5 **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo efanele.**

Umuntu osemusha onezinwele ezimhlophe kuthiwa uno ...

- A fafazi
- B fa
- C fuzo
- D fezo

7.1 **Kokelezela impendulo efanele.**

Ngibone ... efamu.

- A unogwaj a
- B unogada
- C unogaga
- D unogede

7.2 **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo efanele.**

Ngithanda ukudla ...

- A umbila.
- B ummbila.
- C umbhila.
- D ummbhila.

7.3 **Funda umusho bese udwebela igama elifanele.**

I siZulu (ulimi / ulwimi) olukhulunywa kwaZulu Natal.

7.4 **Buka lesi sithombe bese ukhetha impendulo e fanele.**



I zolo ngigij ime ngenyuka..... (izithebhiso izitebhisi)

7.5 **Akha umusho ngegama elithi - umsila.**

8.1 **Phinda ubhale ngokuhlanganisa la magama.**

ibhubesi

ubhej ane

8.2 **Dwebela impendulo e fanele.**

Kunenqwaba ye ... (posi, phuzu) esigxotsheni.

8.3 **Phinda ubhale ngokuhlanganisa lo musho.**

Kunezilwane ezithandelayo eZu.

8.4 **Gcwalisa igama elishiyiwe kulo musho. Ubhale ngokuhlanganisa.**

Umntwana wenyoni kuthiwa

8.5 **Kokelezela impendulo e fanele bese uphinde ubhale umusho ngokuhlanganisa.**

Uyibonile (indlovu/idlovu) eZu?

9.1 **Phinda ubhale ngokuhlanganisa umusho.**

Ngiyayesaba ingwenya.

9.2 Qedela ukubhala ngokuhlanganisa izinhlamvu ze-alfabethi eziphakathi kwalezi ozinikiwe.

Bhala izinhlamvu zibe osonhlamvukazi (oFeleba).

g k u

9.3 Qhathanisa izinhlamvu ezibhalwe ngokuhlanganiswa kanye nalezo ezingabhaliwe ngokuhlanganisa.

Ikhalamu A	Ikhalamu B
9.3.1 <i>F</i>	A. F
9.3.2 <i>R</i>	B. R

9.4 Phinda ubhale ngokuhlanganisa la magama. Usebenzise osonhlamvukazi lapha kunesidingo.

kuhle

esiqiwini sezindlovu saseAddo

9.5 Phinda ubhale ngokuhlanganisa lo musho ephepheni elingadwetshiwe imigqa.

I ndlovu inomboko omude.

10.1 Bhala imibuzo emi-5 ongayibuza umfundi omusha ekilasini lenu.

10.2 Bhala imiyalelo emi-5 ongathanda ukuyinika umngane wakho uma kuthiwe bhekani ingane yakini encane.

10.3 **Funda lesi sigaba semisho eyizitatimende. Phinda usibhale lesi sigaba sibe imisho eyimibuzo.**

Ngibona ikati elikhulu elimnyama.

I kati linamadlebe amhlophe.

I kati linezidlada ezimnyama.

I kati lineskhumba esihle ungathi ij azi ezihle.

I kati liyanyewuza uma lilambile.

10.4 **Bhala i-athikhili eya ephephandabeni ibe nemisho emi-5, unxuse umphakathi ukuba usize ekuqoqweni kwemali ezosiza ekhaya lezingane.**

10.5 **Kokelezela uhlamvu olunempendulo efanele.**

Shono ukuthi umusho ongezansi uluhlobo luni.

Cosha izingubo eziphansi!

A uyisititimende.

B uyaphoqa.

C uyababaza.

D uyabuza.

11.1 **Khetha ukokelezele uhlamvu olunempendulo efanele.**

Mina ... esikoleni.

A waye

B naye

C ngiye

D siye

11.2 **Dwebela ibizo elifanele kule misho elandelayo.**

Umfana udla isidlo sasemini.

Ngibona intombazane emnyango

11.3 **Kokelezela isiphawulo le misho elandelayo.**

Intombazane enhle ikama izinwele.

Indoda ende ifunda iphephandaba

11.4 **Funa igama elifanele uqedele lo musho.**

Ikholumu A		Ikholumu B	
11.4.1	Ibhubesi lilodwa kodwa amabili ...	A	izinkawu
11.4.2	Inkawu iyodwa kodwa ezimbili ...	B	amabhubesi

11.5 **Gcwalisa ngesandiso esifanele kule misho.**

Abafana bagij ime ... ukuze bafike esikoleni ngesikhathi.

Intombazane ihamba ... ngoba izinyawo zayo zibuhlungu.

12.1 **Bhala okungenani imisho eyi-10 ngesihloko osithandayo.**

12.2 **Bhala okungenani imisho eyi-10 ngokuvakashela kwakho ezu.**

12.3 **Bhala indaba ngesilwane osithandayo imisho ibe li-10 uyinike isihloko.**

12.4 **Bhala indaba ingabi ngaphansi kwemisho eyi-8 uchaze izilwane ozibone ezu.**

12.5 **Qedela indaba elandelayo ingabi ngaphansi kwemisho eyi - 8.**

Emandulo kwakukhona inkawu encane egangile. Yayihlala isenkingeni. Ngelinye ilanga izingane zasuka esikoleni zavaakashela ezu ya ...

13.1 **Phinda ubhale le misho elandelayo usebenzise izimpawu zokubhala ezifanele.**

izingane zathi mama kufanele siye ezu ngomgqibelo

13.2 **Phinda ubhale umusho usebenzise izimpawu ezifanele.**

Ziphi izinkawu amabhubesi nezindlulamithi

13.3 **Bhala imisho emi-3 (noma isigaba esi-1) usebenzise izimpawu ezilandelayo:**

ikhoma, usonhlamvukazi, umbabazi, ungqi, abacaphuni.

13.4 **Khetha uphawu lokubhala olufanele ulusebenzise emshweni olandelayo.**

, . ? ! " "

Uyaphi

13.5 **Lungisa izimpawu zokubhala esiqeshini esingezansi. Phinda usibhale.**

lala kahle kusho umhlengi. ZZZ uselele ulungi uthami nosizakele. Umhlengi uqwashile akazi ukuthi ubuthongo buyofika nini.

14.1 **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo eFanele.**

Mabili ... ehhovisi.

- A amandonda
- B amandoda
- C amadoda
- D indoda

14.2 **Dwebela impendulo eFanele.**

Intombazane ibhala (kahe , kahle, kale, khahle)

14.3 **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo eFanele.**

Ngin ... emlonyeni.

- A izinyo
- B amazinyo
- C amaziyo
- D amatiyo

14.4 **Qhathanisa ubunye nobuningi bala magama.**

Ikhalamu A		Ikhalamu A	
14.4.1	umthakathi	A	amakhosikazi
14.4.2	inkosikazi	B	abathakathi

14.5 **Buka isithombe bese ubhala ubuningi bebizo obufanele.**

Ngithanda ukufaka ... kwi hamubhega yami.



15.1 **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo efanele.**

Sihlala e ... enkulu

- A ehloni.
- B ehlini.
- C edlini.
- D endlini.

15.2 **Gwalisa igama elishiywe emshweni ongezansi**

Ngingasisho isikhathi uma ngibuka i ... lami.



15.3 **Dwebela igama eliyimpundulo efanele.**

Kumnyama kakhulu (ebusuku ebhushku esububu ebasuku).

15.4 **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo efanele.**

Ngithanda ukuphuza ... ekuseni.

ikhofu ikhofi ikhofo ikhofa

15.5 **Qedela lo musho.**

Inkosazana engisiza ukufunda esikoleni ngu wami.

